


Unogwaja, unguthisha, ufundisa abafundi bakhe ngezinhlobo ezahlukene zemisebenzi. "Lalelani bafundi! Thulani, niyeke ukubanga umsindo".

“Namuhla sizofunda ngemisebenzi ehlukene ongayifundela uma usuqedie isikole.”

“Asiqale ngawe fudu.”





"Ngifuna ukuba umshayeli wetekisi."

"Hhayi bo! Abantu bazohlala bephuzile ukufika emsebenzini ngoba uhamba kancane wena fudu," kusho inja ngenkathi ihleka ufudu.



“Ngifuna ukuba yinja yamaphoyisa,” kusho injа.
“Thula nja, angikakunikezi ithuba lokukhuluma.”

“Ake sizwe kuwe, kati.”
“Ngifuna ukuba udokotela ukuze ngikwazi ukujova labo abasaba imijovo.”




“Ngiyawusaba umjovo,” kusho ugundwane ngezwi eliphansi.



“Asibone izandla zalabo abafuna ukuba omakheniki bezimoto.”
Indlulamithi kanye ne ngulube, baphakamise izandla zabo.

“Ngabe kukhona abafuna ukuba ngabalimi?”
“Asifuni ukungcoliswa inhlabathi,”
kuphendula imbuzi.



"Lalelani, uma singenabo abalimi, lapho-ke kusho ukuthi sonke sizobulawa yindlala," kusho, uthisha.

"Ngizoba umlimi," kusho imbongolo.



“Nonke nabelane nathi ngohlobo lomsebenzi eniwufunayo, kusele wena hhashi.

“Thisha, ngifuna ukuba ihhashi lomjaho ukuze ngikwazi ukuba nemali eningi.”



Bese bonke abafundi bemshayela izandla; bathi: “Sonke sifuna ukuba nemali eningi!



